



UNIVERSITY OF THE  
WITWATERSRAND,  
JOHANNESBURG

## **UMBIKO WASEWITS MAYELANA NOKUGUQUKELA EKUFUNDISENI NGOBUCHWEPHESHE NGE-INTHANETHI KUSUKA MHLAKA-20 APRIL 2020**

Sanibonani nonke esisebenza nabo kanye nabafundi

Siphila ezikhathini eziyingqayizivele futhi ezinomthelela onzima esintwini sonke nasemphakathini waseWits. Siyazi ukuthi uma sisebenza ngokubambisana sisonke singakwazi ukunqoba igciwane le-Covid 19, nokuthi uma sisebenzisa umkhuba wokuqhelelana emphakathini, sihlololwa legciwane futhi sizehlukana kwabanye abantu uma sigula, singakwazi ukwehlisa izinga lokukhula kwalesifo sigcine ngakho ukusinqoba. Kodwa-ke esingakwazi yikuthi kosithatha isikhathi esingakanani nanokuthi kodingeka nhloboni yezinsiza.

### **Izinkinga esibhekene nazo sisonke**

Njengomphakathi waseWits, sishiyeke sibhekene nezingqinamba kulokho okufanele sikhethe kukho – kufanele yini silinde kuze kuphele lolu bhubhane (silinge ukuba unyaka ka 2020 wemuke namanzi nje kungabi ndaba zalutho?) noma siguqukele esimweni esiphuthumayo sokufundisa kusetshenziswa ubuchwepheshe be-inthanethi okuhambisana noxhaxha oluxhasayo kanye nezinye izinhlelo ezisombulukayo ezibhekele ezokufundisa. Emva kokubonisana okunzulu neminye imikhakha, sibone kufanele ukuba sikhethe lokhu okokugcina.

Sikuqaphele futhi siyabonga ngemizamo encomekayo eyenziwe ngabafundisi, ochwepheshe kanye nabasebenzi abaphethe izinqubo kulamaviki asanda kudlula, abasebenze ngaphandle kokukhathala belungiselela ukuhlela izifundo esezizofundiswa ngobuchwepheshe be-inthanethi, baze baziqeqeshelela ukushintsha izindlela zokufundisa, baze batholisisa kangcono indlela yokuziwisisa izinhlelo zethu zokulawula izifundo ngohlelo olusha.

Nangoba kunjalo, sikuqaphile ngokufanayo ukukhathazeka nokungabikhona kwesiqiniseko lendlela yokufundisa eyilethela esisebenzisana nabo kanye nabafundi bethu. Umhlaba njengoba siwazi uyaguquguquka, kanti kunjalo nje kuzofuneka isibindi kithi sonke ngokubambisana, sibheke izindlela eziningi zokusebenza okunomphumela obonakalayo kanye nokuzinikela ukuhlehlisa imiphumela yalolu bhubhane futhi sikwazi nokushintsha ukuze ukufunda nokufundisa kuvumelane nezindlela ezintsha.

Siyakuqaphela futhi ukuthi izimo zokusebenza ngaphansi kwezindlela ezintsha zokufundisa azifani, nanokuthi ngenkathi abaningi esizweni kanye nasemphakathi wethu bekuthokozela ukuphila emazingeni abhekelwe, imiphumela yalolu bhubhane seyikhanyise, futhi yaqhakambisa ukungalingani okukhona emphakathini wethu – okwenza abantulayo, abachilizelwe eceleni, abasengozini futhi nabangahlelelwanga zinsiza bazwele kanzulu futhi ngokwahlukile le miphumela yalolu bhubhane. Siyazwisisa ukuthi uhlelo lwethu oluphuthumayo lokufundisa ngobuchwepheshe be-inthanethi kufanele luqikelele izimo ezehlukile zokufunda zabafundi bethu, futhi lubhekele ukuthi abafundi bayakwazi ukufinyelela kuzinsiza zokufunda, banamadivayisi afanele futhi banedatha.

Impumelelo yethu incike endleleni esisabela ngayo njengomphakathi – amalungu ethu eSigungu Esiphezulu Esilawulayo (iSenior Executive Team) kufanele asheshe kakhulu ekuthatheni izinyathelo ukuqinisekisa ukuthi izinhlelo ezidingekayo kanye nezinsiza zimiswe ngomumo

lapho kuguqulelwa kuhlelo oluphuthumayo lokufunda nokufundisa ngobuchwepheshe be-inthanethi. AwoDean bethu, Izinhloko Zezikole, abafundisi, awochwepheshe kanye nabaphathi sebekhombisile ukuthi bayakwazi ukuguquka bavumelanise ukwenza kwabo nesimompilo esiguqukayo. Kanti kunjalo nje sebesenze kwadlulela ukuqinisekisa impumelelo yabafundi. Abafundi bethu kodingeka ukuthi nabo basebenzise okwabo ukuzibambela mathupha, futhi bazame ngendlela eyingqayizivele ukuzivumelanisa nezindlela zokufunda ezisebenzisa ubuchwepheshe be-inthanethi nokho bazoxhaswa ngokufanelekile ngamaFakhalthi abo, ikakhulukazi kulezinyangana ezimbalwa ezizayo. Siyakuvuma ukuthi kubalulekile ukuba iyunivesithi inike uxhaso kodwa nokho kubalulekile ukuthi nabo abafundi bethu bathuthukise okwabo ukuzicabangela nokuzibambela mathupha ukuze banqobe izingqinamba zanamuhla esibhekene nazo

### **IWits izovulwa futhi, bese isebenzisa ubuchwepheshe be-inthanethi kusukela ngomhlaka 20 April 2020**

Izinsuku ezimbalwa ezilandelayo (15-19 April) zizosentshenziselwa ukushintshela esimweni sokufunda nokufundisa esisebenzisa ubuchwepheshe be-inthanethi mhla iyunivesithi ivulwa ngokusemthethweni kuthemu lesibili ngomhlaka 20 April 2020. I-almanaki isibuyekeziwe kodwa izoncika endleleni isimo esiyingcuphe esizosombululeka ngayo ezinyangeni ezizayo. Ukucacisa, iyuniveisthi ayiguqukeli ekufundiseni ngobuchwepheshe be-inthanethi unomphelo kuwo wonke ama-course (izifundo), noma seyizoba yisikhungo sabafunda ngeposi. Sifaka indlela yokufunda nokufundisa ephuthumayo njengesinyathelo esizosiza ukunciphisa isikhathi esilahlekile kuhlelo lwethu lwezemfundo esikhungweni esiphakeme.

Siyakuqondisisa ukuthi indlela ephuthumayo yokufunda nokufundisa ngobuchwepheshe be-inthanethi ayizukusiza njengesixazululo esiphelele kulezi zinkinga esibhekene nazo. Kukhona amadisiplini athile izifundo zawo zigxile kuziguli, kulabhorethri kanye nesitudiyo

noma afaka imikhuba (practicals) yokuqamba engasoze yadluliselwa kubuchwepheshe be-inthanethi. Ezimweni ezinjengalezi, kuzodingeka kekuzanywe izifundo okuthiwa amahigh intensity immersion classes (okungukuthi labo bafundi bafunde ngokuthi bahlanganiswe ngokujulile nemiphakathi ehambelana nezifundo zabo) bese kuthi lapho sekwabuyelwa ekufundisweni okuxhumana ngqo, kuhlelwe kabusha izifundo zonyaka, okuzovumela ukuthi itiyori okufanele ifundiswe kuqala ngobuchwepheshe be-inthanethi ilandelwe yilezongxenye ezisuselwe kwimikhuba kanye nelabhorethri ngokuhamba kwesikhathi onyakeni, noma mhlawumbe kuphindiselwe emuva i-almanaki.

### **Ukutholakala kwamadivayisi, amadatha kanye nezinsiza zokufunda**

Izinhlolovo eziningi kuso sonke isikhungo sezikhombise ukuthi phakathi kwamaphesenti ayi-10% kuya kwayi-15% wabafundi abanazo izinsiza zamakhompyutha ezifanele, abakwazi ukuthola idatha efanele noma engalungela izimo zokufunda ngobuchwepheshe be-inthanethi. Ukubhekana nalokhu, sithathe izinyathelo ezilandelayo ukuqinisekisa ukuthi iningi labafundi bethu bayakwazi ukufunda kude ngokuxhumana nobuchwepheshe be-inthanethi:

IWits isiqalise iMobile Computing Bank ezokwazi ukusiza abafundi abafanelekile abanganawo amadivayisi wokufunda awongomahambanawo (mobile devices), lawa madivayisi azotshelwa abafundi Lamadivayisi wamakhompyutha angqangi azozilungela izinjongo zemfundo futhi azofakelwa ngaphambilini izinsiza zokufunda ezifunakalayo andukuba ahanjiswelwe abafundi abawadinga ngempela kusetshenziswa iSouth African Post Office. Izindleko zalamadivayisi zizofakwa kumakhawunti ezindleko zezifundo zabafundi bese kuthi-ke zibuyiselwe emuva uma lamadivayisi ebuyiswa asesimweni esifanelekile ekupheleni konyaka wokufunda wango-2020. Abafundi

abadinga kakhulu yibona abazobonelelwa kuqala uma sekwenziwa izabelo.

IYunivesithi isiqede ukwenza isivumelwano nezinkampani ezinikela ngezinkonzo zezokuxhumana ngezingcingo: Okuyi-Telkom, iMTN, iVodacom kanye ne-Cell C ukuba zingabizi izindleko kumasayithi wokulawulwa kwemfundo angaphansi komtapowezincwadi waseWits kusuka mhlaka-15 April 2020. Uhla olugcwele lwamasayithi angazubiza mali ayatholakala kulelinki:

<https://www.wits.ac.za/mywits/zero-rated-data-to-students-and-applicants/>

Sisebenze nesigungu samaYunivesithi, i-Universities South Africa, ukufinyelela esivumelwaneni nezinkampani ezinikeza ngezinkonzo zokuxhumana ngezingcingo ukuqinisekisa ukuthi nezinye izinkonzo kanye namasayithi anjenge-Microsoft Teams, Zoom kanye namanye amasayithi okufunda ukuze nako kungabizwa zindleko, noma izinkokhelo zikhokhwe emva, iyunivesithi ihlehliselwe isikoloto. Lamasayithi kufanele afinyelelwe ngokusebenzisa iWits VPN. Izingxoxo zokubonisana zisaqhubeka kanti sizokwazisa umphakathi weyunivesithi ngayo yonke lemidanti ezinsukwini ezizayo.

Ezimweni lapho abafundi bengakwazi ukuthola amadivayisi noma amadatha, okunye okungakhethwa kukona kusafunisiswa, lokho kungafaka mhlawumpe ukusebenzisa iSouth African Post Office ukuhambisela abafundi bethu izifundo ezisabhalwe emaphepheni. Okunye ukuxhaswa okuthe xaxa kuzotholakala ngesikhathi ukufundiswa ngokuxhumana ngo kuqalisa futhi, ikakhulukazi kulabo bafundi okube nzima ukuthi baguqukele ekufundisweni kusetshenziswa ubuchwepheshe be-inthanethi. Kungenzeka ukuba kube nesidingo sokuthi izifundo ezixhumana ngqo zedluliselwe kumaholide kaSeptember kanye noDecember onyakeni ka-2021

kwezinye izifundo, ukuze kwenwetshwe uhlelo lokufunda lapha eyunivesithi.

Abafundi abanemibuzo ephathelene nohlelo lokufunda eyunivesithi kufanele bathintane nezikole zabo. Abafundi abangakwazi ukufinyelela kumadivayisi ongomahamba nawo afanelekile futhi bengakwazi nokuwathola engxenye, kufanele bathintane nalaba abalandelayo abamele amafakhalthi wabo:

YezoMnotho, uMthetho nokuPhatha (Commerce, Law and Management): [Tshepiso.Maleswena@wits.ac.za](mailto:Tshepiso.Maleswena@wits.ac.za)

Yezobunjiniyela kanye neZakhiwo (Engineering and the Built Environment): [FacultyRegistrar.EBE@wits.ac.za](mailto:FacultyRegistrar.EBE@wits.ac.za)

YezeSayensi YezeMpilo (Health Sciences): [Henda.VanDerWalt@wits.ac.za](mailto:Henda.VanDerWalt@wits.ac.za) or [Morne.Greyling@wits.ac.za](mailto:Morne.Greyling@wits.ac.za)

YezeSintu (Humanities): [help.humanities@wits.ac.za](mailto:help.humanities@wits.ac.za)

YezeSayensi (Science): [SSSC.Science@wits.ac.za](mailto:SSSC.Science@wits.ac.za)

### **Ucwaningo lweziqu eziphakeme (Postgraduate research)**

Njengokukhunjwa ngumyalelo owathunyelwa kubo bonke abafundi abafundela iziqu eziphakeme ngomhlaka 6<sup>th</sup> April 2020, labo bafundi abafundela iziqu ze-Masters kanye nezobuDokotela (PhD) kufanele baxoxisane nabeluleki bomsebenzi wabo ukuqinisekisa ukuthi ucwaningo lwabo luyaqhubeka. Uhla lwamasayithi womtapozincwadi olungakhokhelwa sekwabelwane ngalo nabo bonke abafundi abafundela iziqu eziphakeme. Ezimweni lapho umsebenzi osuselwe phezu kweziguli, isitudiyo noma ilabhorethri ufuneka, lezi zimo kufanele kuxoxiswane ngazo nabeluleki, iNhloko Yesikole kanye/noma noDean weFakhalthi leyo.

## **Isiphetho**

Amaviki ambalwa azayo azoba lukhuni kithi sonke njengezwe nomphakathi waseWits. Akukho ukukhetha kodwa kufanele siqine emadolweni ukuze sinqobe lesi sitha sethu sonke esingabonakali. Kufanele sigqugquzele zonke izinsiza zethu ukufeza injongo eyodwa kithi sonke – ukubona abafundi bethu bephumelela futhi kupheleliswe ukufunda kwalonyaka, nakuba kukhona ukungalingani okuhaqo umphakathi wethu. Uma senze njalo, sizokwazi ukuthuthukisa amakhono aphezulu wokwakha kabusha izwe lethu futhi sikhiqize abakhi-zingqinamba kanye nabaxazululi-zingqinamba abadingekayo ukubhekana nezinkinga ezinzulu ezibhekene nomphakathi wethu.

Sizophuma kulesimo esibucayi – siqinile futhi sesifunde nokubekezela ngendlela eyisimanga. Lobu ubunzima obuxakile obusifuna izindlela eziningi zokuthi sisabele. Masisebenzise lesi sikhathi sokuba sitholane, omunye nomunye wethu, futhi sisebenzisane sisonke ukuze siphumelele ekufezeni injongo yethu sisonke singabafundi, singabasebenzi baseyunivesithi kanye nesintu sethu.

Zigcineni ninempilo futhi nihlale njalo niphephile

**YISIGUNGU ESIPHEZULU ESILAWULAYO SASEWITS  
(ISENIOR EXECUTIVE TEAM)**

**NGOMHLAKA -14 APRIL 2020**